

# ABAKHOKHINTELA BAKHUTHAZWA UKUBA BEQE OLAYINI BATHUMELE AMAPHEPHA ENTELA NGE-INTHANETHI: INGU-R3.5 BILLION IMALI ESIKHOKHIWE EBUYELA ABAKHOKHINTELA

**Pretoria, 22 kuNtulikazi 2019** – Kusukela mhla lu-01 uNtulikazi kuze kube manje abakwa-SARS sebekhokhe imali engu-R3.5 billion ebuyela abakhokhintela abasebenzise i-eFiling ne-SARS MobiApp. Ngesonto lokuqala kuNtulikazi, kwaqinisekiswa kwakhululwa imali ebuyela abakhokhintela engu-R1.5 billion.

Njengoba sekusele amasonto amabili vo ngaphambi kokuvulwa kokuthunyelwa kwamaphepha entela emagatsheni, abakhokhintela bakhuthazwa ukuba beqe ulayini ngokuthumela amaphepha abo entela ngokusebenzisa i-SARS MobiApp kanye ne-eFiling, izicelo zabo zizobhekwa futhi zixazululwe ngokushesha uma kungukuthi azimiselwe ukucwaningwa kwamabhuku. Ngisho nasemva kokuvulwa kokuthunyelwa kwamaphepha egatsheni mhla lu-01 kuNcwaba 2019, abakwa-SARS bakhuthaza abakhokhintela ukuba basebenzise i-MobiApp kanye ne-eFiling ukuze basizakale ngokushesha futhi kalula.

Isikhathi sentela sivule kuqala kulabo abasebenzisa i-eFiling neMobiApp ukuze bakwazi ukubuyisa amaphepha abo nge-inthanethi ngokushesha futhi kalula ngaphandle kokuyobamba ulayini egatsheni, bahlinzekwe nangokwesekwa ngosizo lwedijithali olufana ne-Help-You-eFile okuyiyo exhumanisa abakhokhintela ne-ejenti yentela yakwa-SARS ukuze ikusize nge-eFiling, kanye nohlelo lokucela ukufonelwa 'call-back' kanye ne-Chatbot kuMobiApp okuhlinzeka ngezimpindulo ngaleso sikhathi emibuzweni eqondene nentela.

Uma amaphepha entela esehloliwe kwatholakala ukuthi kumele kube nemali ebuyayo, kungathatha isikhathi esingaba izinsuku eziyisikhombisa ukuthi leyo mali ikhokhwe, inqobo nje uma ungenasikweletu okumele usikhokhe, futhi uhlangabezane nazo zonke izibophezelo zakho, futhi kungadingeki kuqinisekiswa noma ukucwaningwa kwamabhuku.

Ukuze ugweme ukulibaziseka, abakhokhintela bakhuthazwa ukuba bacele uhla lwamadokhumenti esekelayo kanjalo nokuqinisekisa imininingwane yasebhange. Lokhu ukuqinisekisa abakwa-SARS okumele bakuthobeke.

Abakhokhintela bayacelwa ukuba baqinisekise ukuthi iminingo ngomuntu wesithathu evela kulabo abahlinzeka ngosizo iyiqiniso kanti uma kwenzeka ukuthi lolo lwazi alulona iqiniso, kumele bakhulume nomhlinzeki wosizo ukuze aphinde ayithumele.

Abakhokhintela bangabheka uMqulu wokuSebenza wakwa-SARS ukuze babone izikhathi zokuthola usizo oluthile.